



Ukuhlomisa izingane zethu  
ngelikusasa

Isiqinisiso 1

**Isihloko sesifundo: IsiVumo soKholo lwethu**

# Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto    Isikole sasekhaya



# Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **IsiVumo soKholo lwethu**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi uthule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	<p>Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofaza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: <a href="https://bit.ly/3NACSSHS">https://bit.ly/3NACSSHS</a></p>
2.	<p>Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• IBhayibheli</li> <li>• Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe</li> <li>• Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll.</li> <li>• I-Vidiyo kiliphi okuyisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho</li> <li>• Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso).</li> </ul> <p><b>Qaphela:</b></p> <p>2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile.</p> <p>2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho!</p> <p><i>Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.</i></p> <p>2.3: Lesisifundo silungele ibanga lesi<b>Qinisiso 1</b>.</p> <p>2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesi<b>Qinisiso</b> uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.</p>
3.	<p>Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba uthule ngayo.</p>



# Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

## Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezululeko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo.  <b>Isibonelo:</b> Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela (I Also Want To....)
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

## Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo sesi**Qinisiso -1** nomunye umndeni osifundayo nawo.
2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.
3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.
4. Khuluma noMxhumanisi wesikole sangeSonto webandla lakho noma uThisha wesikole abazimisele ukukusiza.



## Isifundo

<b>Isihloko</b>	IsiVumo soKholo lwethu
<b>Umbhalo weBhayibheli ICatechism &amp; Q&amp;A</b>	Ayikho imibhalo yeBhayibheli yalesi sifundo Isahluko 2, IMBUZO NEZIMPENDULO 29-50
<b>Inhloso yesifundo</b>	AbaQinisiswa bafunda ngomsuka weziVumo-Kholo zebandla lokuqala, ukubaluleka kweziVumo-Kholo zeBandla eliSha lobuPhostoli kanye nokuqukethwe yisiVumo-Kholo seBandla eliSha lobuPhostoli.

## Isifundo esifingqiwe:

IsiVumo soKholo isitatimende sokholo sezinkolelo ezabiwe zomphakathi wezenkolo. Kuyisifinyezo sezinkolelo ezibalulekile zemfundiso yokukholwa. Uhlelo lwenkolo yesonto lizichaza ngokwesiVumo soKholo lwaso.

### **1. Umsuka weziVumo-kholo zokuqala zebandla:**

- UbuKristu basabalala kuwo wonke uMbuso waseRoma futhi abaningi ababa ngamaKristu babenezinkolelo zenkolo zangaphambili.
- Lezi zinkolelo nezinkolelo zobuKristu zadala ukudideka nezingxabano.
- Kwasungulwa izivumo-kholo ukuvumela ukuhambisana nemfundiso kaKristu nabaPhostoli baKhe.
- Kwasungulwa izivumo-kholo ezimbalwa: isiVumo soKholo sabaPhostoli (i-Apostolicum), isiVumo soKholo saseNicaea-Constantinople, kanye nesiVumo soKholo sase-Athanasius.

Ake sibheke ezimbili zokuqala kanye nesiVumo soKholo seBandla eliSha lobuPhostoli. IsiVumo soKholo seBandla eliSha lobuPhostoli sihlobene kakhulu nezivumo-kholo zesonto (bandla) lokuqala.

<b>IsiVumo soKholo sabaPhostoli (Apostolicum)</b>	<b>IsiVumo soKholo saseNicaea-Constantinople</b>	<b>IsiVumo soKholo seBandla eliSha lobuPhostoli</b>
"Ngiyakholwa kuNkulunkulu, uYise onamandla onke, uMdali wezulu nomhlaba. Ngiyakholwa kuJesu Kristu, iNdodana yaKhe ezelwe yodwa, iNkosi yethu. Wakhuleliswa ngamandla kaMoya oNgcwele futhi wazalwa yiNtombi uMariya. Wahlupheka ngaphansi kukaPontiyu Pilatu, wabethelwa esiphambanweni, wafa wangcwatshwa, wehlela kwabafileyo, kwathi ngosuku lwesithathu wavuka, wenyukela ezulwini futhi	"Siyakholwa kuNkulunkulu munye, uYise uMninimandla onke, uMenzi wezulu nomhlaba, nakuzo zonke izinto ezibonakalayo nezingabonakali. Futhi eNkosini eyodwa uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu ezelwe iyodwa, ezelwe nguYise ngaphambi kwayo yonke imihlaba, Ukukhanya Kokukhanya, uqobo lukaNkulunkulu uqobo lukaNkulunkulu, ozelwe, ongenziwanga, onesimo esisodwa noYise; okwenziwa	<b>IsiVumo sokuQala:</b> Ngiyakholwa kuNkulunkulu, uYise, uSomandla, uMdali wezulu nomhlaba. <b>IsiVumo sesiBili:</b> Ngiyakholwa kuJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu ezelwe iyodwa, iNkosi yethu, eyakhuleliswa ngoMoya oNgcwele, yazalwa yintombi uMariya, yahlupheka ngaphansi kukaPontiyu Pilatu, yabethelwa esiphambanweni, yafa, yangcwatshwa, yangena endaweni yabafileyo, yavuka kwabafileyo ngosuku



<p>uhlezi ngakwesokunene sikaYise, uzobuya futhi ezokwahlulela abaphilayo nabaphilayo. Ngiyakholwa kuMoya oNgcwele, ibandla elingcwele lomhlaba wonke [Iamakhatholika], ukuhlangana kwabangcwele, ukuthethelelwa kwezono, ukuvuka komzimba kwabafileyo, nokuphila okuphakade. Amen. "</p>	<p>ngaYe zonke izinto; okungathi thina bantu, nangenxa yokusindiswa kwethu, wehla ezulwini, futhi waba yinyama ngoMoya oNgcwele entombini enguMariya, futhi wenziwa indoda; Yena wabethelwa esiphambanweni ngokulawula kuka Pontiyu Pilatu, wahlupheka, wangcwatshwa, kwathi ngosuku lwesithathu wavuka futhi, ngokwemiBhalo, wakhuphukela ezulwini, futhi uhleli ngakwesokunene sika Baba; ukusuka lapho uzobuya futhi, ngenkazimulo, ukwahlulela abaphilayo nabafileyo; obukhosi baKhe abunakuphela. Futhi kuMoya oNgcwele, iNkosi noMuphi wokuphila, ovela kuBaba naseNdodaneni, abakhonzwayo futhi bayadunyiswa kanye noBaba neNdodana, abakhuluma ngabaprofethi. Ebandleni linye eliNgcwele jikelele [ubukhatholika] nebandla lobuphostoli; sivuma ubhaphathizo olulodwa lokuthethelelwa kwezono; sibheke ukuvuka kwabafileyo, nokuphila komhlaba okuzayo. Amen. "</p>	<p>lwesithathu, wenyukela ezulwini. Uhleli ngakwesokunene sikaNkulunkulu, uBaba uSomandla, kusukela lapho azobuya khona.  <b>IsiVumo sesiThathu:</b>          Ngiyakholwa kuMoya oNgcwele, ibandla elingcwele, lomhlaba wonke, lobuphostoli, umphakathi wabangcwele, ukuthethelelwa kwezono, ukuvuka kwabafileyo, nokuphila okuphakade.</p>
---	---	---

**2. Ukubaluleka kwezivumo-kholo zebandla lokuqala kwisiVumo soKholo seBandla eliSha lobuPhostoli:**

- Imfundiso ye-Bandla eliSha lobuPhostoli isekelwe emiBhalweni eNgcwele futhi bekungumsebenzi wobuphostoli ukuhumusha uMbhalo ukuze wakhe isiVumo soKholo lwethu, isibopho sokuzwakalisa ukholo lwethu. Ubuphostoli kuphela obungenza izinguquko kusiVumo soKholo.
- Izivumo-kholo zebandla lokuqala zifingqa okubalulekile okuqukethwe eMbhalweni oNgcwele.
- IziVumo ezintathu zokuqala zeBandla eliSha lobuPhostoli zifakaza ngokukholwa kuNkulunkulu oZiqu-zintathu, kuJesu Kristu njengoNkulunkulu uqobo (ngeqiniso) noMuntu uqobo (ngeqiniso), ekuzalweni kukaJesu yintombi uMariya, ekufeni kwaKhe njengomhlathshelo, ekubuyeni kwaKhe, ekuthunyelweni kukaMoya oNgcwele, ebandleni, kumasakramente nokuphila okuphakade njengoba kwakwenziwe kuzivumo-kholo ezimbili zebandla lokuqala.



### **3. Okuqukethwe yisiVumo soKholo seBandla eliSha lobuPhostoli**

IziVumo zoKholo ezintathu zokuqala zihambisana kakhulu ne-Apostolicum (bheka ngenhla). Kugcizelela ukubaluleka kwalesi sivumo-kholo sebandla lokuqala.

#### **• IsiVumo seSine:**

Ngiyakholwa ukuthi iNkosi uJesu ibusa ibandla laYo futhi ngalokho yathumela abaPhostoli baYo, futhi kuze kube sekubuyeni kwaYo usabathumela ngegunya lokufundisa, lokuthethelela izono egameni laKhe, nokubhathiza ngamanzi nangoMoya oNgcwele.

#### **• IsiVumo sesiHlanu:**

Ngiyakholwa ukuthi labo abaqokwe nguNkulunkulu ngesikhonzo bagcotshwa ngabaphostoli kuphela, futhi negunya, isibusiso, kanye nokungcweliswa kwesikhonzo sabo kuphuma esikhonzweni sobuPhostoli.

**IsiVumo soKholo seSine neseHlanu (4<sup>th</sup> & 5<sup>th</sup>) ziveza ukuhumushwa nokuthuthuka okuqhubekayo kwezivumo-kholo zebandla lokuqala njengoba zisebenza ngokufanayo ngokwezikhonzo.**

#### **• IsiVumo sesiThupha:**

Ngiyakholwa ukuthi uBhathizo oNgcwele ngamanzi yisinyathelo sokuqala sokuvuselelwa komuntu kuMoya oNgcwele, nokuthi umuntu obhathiziwe wamukelwa ebudlelwaneni balabo abakholwa kuJesu Kristu futhi abamvumayo njengeNkosi yabo.

#### **• IsiVumo sesiKhombisa:**

Ngiyakholwa ukuthi iSidlo seNkosi esiNgcwele samiswa yiNkosi uqobo lwaYo ukukhumbula umhlathelo owaletshwa kwaba kanye futhi osebenza ngokugcwele, nokuhlupheka okumunyo nokufa kukaKristu. Ukuhlanganyela okufanelekayo kuSidlo seNkosi esiNgcwele kuqinisa ubudlelwane bethu noJesu Kristu, iNkosi yethu. Kubungazwa ngesinkwa esingenamvubelo newayini; kokubili kumele kungcweliswe futhi kunikezwe yiNceku (isisebenzi) egunyazisiwe ngumPhostoli.

#### **• IsiVumo sesiShiyagalombili:**

Ngiyakholwa ukuthi labo ababhathizwe ngamanzi kumele, ngomPhostoli, bathole isipho sikaMoya oNgcwele ukuze bathole ubuntwana bukaNkulunkulu kanye nesidingo sangaphambilili sokuba ngamazibulo (abolibo / izithelo zokuqala).

**IsiVumo soKholo sesiThupha, sesiKhombisa neseShiyagalombili (6<sup>th</sup>, 7<sup>th</sup> & 8<sup>th</sup>) ziphathelene namaSakramente amathathu eBandla.**

#### **• IsiVumo sesiShiyagalolunye:**

Ngiyakholwa ukuthi iNkosi uJesu izobuya impela njengoba yenyukela ezulwini nokuthi izothathela kuYe izithelo zokuqala zabafuleyo nabaphilayo ababenethemba futhi bazilungiselela ukubuya kwaYo; ukuthi emva komshado ezulwini Yena, uzobuyela emhlabeni kanye nabo ukumisa umbuso waKhe wokuthula, nokuthi bazobusa kanye naYe njengobupristi bobukhosi. Ngemuva kokuphela kombuso wokuthula, Yena uzobamba Ukwahlulela kokuGcina. Lapho-ke uNkulunkulu uzodala izulu elisha nomhlaba omusha ahlale nabantu baKhe.

**KusiVumo soKholo sesiShiyagalolunye (9<sup>th</sup>) inkolelo ekubuyeni kukaJesu Kristu nokuthi kuzokwenzekani ngemuva kwalokho kuyamenyezelwa.**

#### **• IsiVumo seShumi:**

Ngiyakholwa ukuthi ngibophezelekile ukuthobela iziphathimandla zomhlaba, kuphela uma imithetho yokuhlonipha uNkulunkulu ingephulwa.

**IsiVumo soKholo seShumi (10<sup>th</sup>) sichaza ubudlelwano iBandla elikholelwa ukuthi kufanele bube khona phakathi komuntu nomphakathi.**

• NjengamaKristu obuPhostoli obuSha kumele sifakaze (sisho) ngesiVumo ngasinye kanti isivumo-kholo sichaza isimo sethu sokholo.



- IsiVumo soKholo senza abanye abantu bajwayelane nezinto ezibaluleke kakhulu zokholo lwe-Bandla eliSha lobuPhostoli ngendlela emfushane.

## Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

- Kusinike ukuqonda ukuthi izivumo zokholo zaqala kanjani esontweni lokuqala.
- Ichaze intuthuko yethu yenkolelo.
- Inikeze incazelo emfushane ngeziVumo zoKholo ku-New Apostolic Creed.
- Sifuna ukuvuma isiVumo soKholo se-Bandla eliSha lobuPhostoli.

**Funda isiVumo soKholo sethu ngenhliziyo futhi uphile ngaso. Kubalulekile ukuthi usiqonde isiVumo soKholo ngasinye futhi kuyindlela enhle yokutshela abanye ngalokho okholelwa kukho.**

## Eminye imibuzo esingayibuza:

1. Ingabe sakhiwa kanjani isiVumo soKholo seBandla eliSha lobuPhostoli futhi sakhiwa ngobani na?

**Impendulo:** IsiVumo soKholo sisuselwa emiBhalweni eNgcwele. UbuPhostoli yibona okumele buhumushe umbhalo futhi nabo banesibopho soshintsho kusiVumo soKholo.

2. Ingabe zingaki iziVumo esinazo kuVumo-Kholo lwethu na?

**Impendulo:** IziVumo eziyiShumi zoKholo.

3. Ingabe yiziphi iziVumo ezikhuluma ngamaSakramente eBandla na?

**Impendulo:** IziVumo 6, 7 no 8.

## UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

*Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku*

*Busisa bonke abazali nezingane*

*Sengathi singabuzwa ubukhona baKho*

*Busisa isifundo esizoba naso*

*Sicela usifundise ukukukhonza*

*Futhi usisize ukwenza intando yaKho*

*Ukuze sikhule sisondele kuWe*

*Thumela uJesu azosilanda*

*Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe*

*Amen*



Notes
